**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C.

4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubungako balo msebenzi buhamba kanje:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Bhala amagama angama-280 – 300. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki. |
| ISIQEPHU B: | Umbhalo mawube odlulisa umyalezo ube ngamagama angama-120 –150. |
| ISIQEPHU C: | Umbhalo omfushane odlulisa umyalezo, mawube amagama angama-70 ukuya ku-80. |

**ISIQEPHU A: Indaba**

**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo ubhale indaba engamagama angama-280 kuya kwangama-300.

Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho.

1.1 **Ukubaluleka Kosuku Lokwethulwa Kwesabelo Sezimali.**

Bhala indaba ngalesi sihloko esingenhla uveze owakho umbono ukuthi lukuthinta kanjani lolu suku njengesakhamuzi saseNingizimu Afrika. **[50]**

**NOMA**

1.2 Umthetho sisekelo uyakuvumela ukuganana kwabantu bobulili obufanayo. Bhala indaba uveze ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana nokuganana phakathi kwabantu bobulili obufanayo. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko indaba yakho. **[50]**

**NOMA**

1.3 Kubuhlungu ukushiywa ngumama usemncane, uzithola usuhlukumezeka ngezindlela ezahlukene ngoba nesaga siyasho ukuthi:
'Intandane enhle ngumakhothwa ngunina.' Bhala indaba uyinikeze isihloko esifakazela lesi simo. **[50]**

**NOMA**


1.4 **Ubugebengu Sebuthathe Elinye Igxathu.**

Sesibona manje izigebengu zilahlekelwe ngunembeza ngokuthi ziqhumise izindawo lapho kukhishwa khona imali, kuze kulimale abantu abamsulwa.

Bhala indaba ngesihloko esingenhla uveze izindlela okungaliwa ngazo ukuqeda lolu hlobo lobugebengu kanye nobunye ubugebengu obuhleliwe. **[50]**

**NOMA**

1.5 Bukisisa lesi sithombe esisekhasini elilandelayo bese ubhala indaba. Nikeza indaba yakho isihloko.




**[50]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## ISIQEPHU B

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube amagama ayi-120 – 150.

2.1 UnguNobhala weKomiti lenhlangano yomphakathi i-'Siyathuthuka'. Beninomhlangano lapho benidingida khona ngomonakalo owenziwe yizulu endaweni yakini. Bhala i-**ajenda namaminithi** alo mhlangano. **[30]**

**NOMA**

2.2 Umngane wakho ebeniphilisana naye ushiywe uyise emhlabeni. Wena ucelwe ngabomndeni wakhe ukuthi ubhale **umlando** kamufi ozofundwa enkonzweni yomngcwabo. **[30]**

**NOMA**

2.3 Kunesigebengu esihlukumeza kakhulu umphakathi wangakini. Ngesonto eledlule sibanjiwe savalelwa endlini emnyama. Njengelungu lesiGungu esibhekene nokuphepha koMphakathi, bhala **umbiko** ngalolu daba ozowethulela umphakathi. **[30]**

**NOMA**

2.4 UnguMqondisi wenkampani yakwaMncedisi Holdings, utomule incwadi yesicelo somsebenzi somunye kwabafake isicelo kule nkampani. Bhalela lo muntu **ummeme** ukuba eze azoba ngomunye kwabazobe bephekwa ngemibuzo. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C

## UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-70 – 80.

3.1 Ziningi izinto ezingahambanga kahle osukwini lwakho lwayizolo ekubeni belubalulekile njengoba bekuwusuku lokuqala emsebenzini wakho omusha. Bhala **idayari** yakho ngalolu suku. **[20]**

**NOMA**

3.2 Usebenza esitolo esikhulu esithengisa zonke izinto ezisebenza ngogesi. Kukhona umtitilizo wendali enkulu kulesi sitolo. Bhala **isikhangiso** esizoheha abathengi usho nokuthi indali iqala nini futhi izophela nini. **[20]**

**NOMA**

3.3 Uthole ucingo kumakhalekhukhwini wakho ukuthi umngani wakho ovela kwesinye isifundazwe usevele watheleka eze ku-inthavyu ese-Golden Horse Casino eduze nalapho usebenza khona e-Scottsville Racecourse. **Mlayele** masinyane indlela ukusuka e-Railway Station ukuya eScottsville Racecourse usebenzise ibalazwe elilandelayo.




**[20]**

**NOMA**

3.4 Usebenza ehhovisi likaMasipala. Bhalela umphakathi iphosta uwazise ukuthi kuzovalwa amanzi ngoLwesine oluzayo ngesikhathi kulungiswa amapayipi. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**